



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**2016**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba: (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: (2 x 25) (50)

**QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A kanye NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo ngaphambi kokuphendula umbuzo owukhethile. Amalungiselelo awabe sekhasini lawo wodwa, angahlangani nombhalo. Yonke imibhalo oyikhethile ayibe namalungiselelo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansela ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-80

ISIQEPHU B: Imizuzu engama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Bhala indaba ezogcina ngala mazwi:

'Hawu, kanti uwe lo!'

Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

1.2 Inkomo isengwa ngoyaziyo.

[50]

1.3 Umuntu ohlakaniphile ufunda ngamaphutha abanye.

[50]

1.4 UHulumeni ushaye ikhwelo lokuhlinzeka ngamajazi omkhwenyana kubafundi bamabanga aphansi. Gxeka noma uncome leli khwelo.

Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

1.5 Ubuhle nobubi bokufunda kusetshenziswa ezobuchwepheshe kuphela ezikoleni.

[50]

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 kuya kwelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwano nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sithathwe: [www.google/pics](http://www.google/pics)]

[50]

1.6.2



[Sithathwe: [www.motivationalpictures.com](http://www.motivationalpictures.com)]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe kwi-inthanethi]

[50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu bese ubhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho uthole ithuba eliyinqayizivele lokudlala emdlalweni weshashalazi ozodlalelwa ezindaweni ezahlukene zakuleli.

Bhala incwadi umhalalisele uphinde umyale ukuba aliphathise okwezikhali zamantungwa leli thuba alitholile. [25]

**2.2 ISIBUYEKEZO**

Inkampani yakwaCoca-Cola osebenza kuyona ibinomcimbi wokuvalalisa abasebenzi asebethatha umhlalaphansi.

Bhala isibuyekezo salo mcimbi. [25]

**2.3 UMLANDO KAMUFI**

Nigqemeke engeqiwa ntwala ngokudlula emhlabeni kukazakwenu ebeninaye esigungwini sokulawulwa kwesikhungo semfundo yabadala. Umndeni ukucele ukuba uwulekelele ekubhaleni umlando kamufi.

Bhala umlando kamufi. [25]

**2.4 INCWADI YEPHEPHANDABA**

Iphephandaba langakini eliphuma kanye ngesonto likhipha izindaba ezingawakhi nhlobo umphakathi ohlala kuwo.

Bhala incwadi uyibhekise kuMhleli waleli phephandaba wethule izikhalazo zakho. [25]

**2.5 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Ngesikhathi senhlabakhefu esikoleni ubone abafundi behlukumeza omunye umfundi osanda kufika enifunda naye ekilasini. UMphathi wesikole ukucele ukuba ubhale umbiko ngalokho okubonile.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo ozowethulela uMphathi wesikole. [25]

**2.6 INKULUMO MPENDULWANO**

Esigcemeni sangakini, ugesi ucima izikhawu eziningi kunalezi enaziswe ngazo ningumphakathi. Lokhu kuyawuphazamisa umphakathi. Elinye lamalunga omphakathi licelwe ukuba liyoxoxisana neKhansela mayelana nalolu daba.

Bhala inkulumo mpendulwano phakathi kwaleli lunga neKhansela.

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**